Ukumamatheka KukaSizwe

Vianne Venter, Genevieve Terblanche & Lauren Rycroft

Ukumamatheka KukaSizwe

Le ncwadi ingeka

Ukumamatheka KukaSizwe
(Sizwe's Smile)
Illustrated by Genevieve Terblanche
Written by Vianne Venter
Designed by Lauren Rycroft
with the help of the Book Dash participants at Cape Town on 28 June 2014.
Translated into Zulu by Robert Mchunu

ISBN: 978-1-928318-80-4

Typeset in Averia Serif

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

Ukumamatheka KukaSizwe

Vianne Venter, Genevieve Terblanche & Lauren Rycroft

Izulu lalikade lina izinsuku eziningi
futhi wonke umuntu wayephatheke kabi
ngalokho. USizwe kuphela owavuka egcwele
ukumamatheka kuyena njalo ekuseni.

“Yoh! Sizwe! Uyabona lokho kumamatheka
kwakho kuwumlingo!” kusho uGogo.
“Ukumamatheka kwami, Gogo?”
Kusho uSizwe ebambe umlomo wakhe ngesandla.
“Kodwa-ke Gogo, ukumamatheka
KWAMI lokhu,” kuhlebeza uSizwe.

Umama wakhe wahleka wabe esethi.
“Hhayibo weSizwe! Phela ukumamatheka
lokhu yinto osuke ungayikhipha nje
uyinike omunye umuntu kodwa nawe futhi
ingakulahlekeli. Uyazibona ukuthi unjani!”

Kusho umama kaSizwe emphakamisela phezulu
esibukweni. Lapho kwakubonakala ukumamatheka
kwakhe kuchachambile njengaphambilini.

Kwase kuyisikhathi sokuthi baphume bahambe. UMama wafasa izinkinobho zejazi lemvula likaSizwe, baphuma bahamba, behamba emvula eyayina kakhulu, baqonde emtapeni wolwazi.

Ezansi nomgwaqo, umngani omkhulu kaSizwe uZanele wayeme ewindini lasendlini yakubo ebuka imvula ngenhliziyo ebuhlungu. USizwe wakuzwa ukumamatheka kwakhe kukhuphuka kwenyuka.

Kwathi khona manjalo, ukumamatheka kukaSizwe kwavele KWAGXUMA kwaphumela ngaphandle, kwandiza kwadlula engadini yakubo kaZanele kwaqonda ngqo kuZanele.

UZanele wakubamba wakunkonkoshela lokho kumamatheka – kwakuyigugu futhi kukuhle kakhulu ukuthi wayengakuyeka nje kuhambe kanjalo.

Njengoba uSizwe wayehamba ephuma kumtapo wolwazi, kwabe sekukhala insimbi yasemnyango ekhaya lakubo kaZanele. Kwabe kuyindoda ehamba iletha iposi emizini yabantu iphethe incwadi kaZanele ayeyibhalelwe umzala wakhe amkhonzile.

UZanele wayejabule kakhulu, kangangokuthi ukumamatheka kwakhe kwaze kwagxuma kwaya phezulu kwavele kwangenela nakule ndoda ehamba idiliva iposi.

“Ngiyabonga kakhulu baba soMaposi!” kusho uZanele.

Ukumamatheka kukaZanele kwaba yinto eqhakaze ukuzedlula zonke izinto ezake zabonwa yindoda ethwala iposi ngalelo langa ekuseni. Lokho kumamatheka kwayisiza le ndoda ethutha iposi yaba nokufudumala njengoba yayihamba isebenza emvuleni nje.

Le ndoda yeposi yahamba yaze yafika komunye umuzi omkhulu. Ngaphakathi esangweni, kwakunenja eyayilokhu izungeza ubala, ikhonkotha, ikhonkotha, ikhonkotha ingamile. Ngendlela le nja eyayibukeka iyisithutha ngakhona ngisho nosoMaposi wayelokhu emamatheke njalo.

Ukumamatheka kukasoMaposi kwavele kwagxuma kwangena esangweni lalowo muzi ngokujabula okuqhakazile nokukhanyayo.

Inja yavele yama yayeka ukukhonkotha. Yavele yashaya amadlebe ayo yabe isinyakazisa umsila wayo. Ngemuva kwalokho inja yaphenduka yabaleka yabuyela endlini, ehamba imamatheka ithokozile.

Kwasekuthi indoda endala egobile yavula umnyango yathi; “Hhayibo! Awukwazi ukuthi ungangena lapha ngaphakathi wena. Bheka nje ukuthi umanzi kanjani manjet!” kusho indoda endala itshela inja. Kodwa kwathi nje ngaso leso sikhathi kwaqhakaza ukumamatheka kwindoda endala.

Indoda endala le yake yathi ukuma yaqonda kancane. “Awu, suka!,” kusho yona, “Kanti pho uma lina sinandabani thina nalokho? Awuthi-ke thina bothina kesihambe nje sizelulele izinyawo, wemfana!” Basuka lapho ngempela bahambe behamba bekhaba amanzi emaxhaphozini.

Kanti laphaya lapho kuwela khona abahamba ngezinyawo, kwakume uNksz Makabela, oyiphoyisa lomgwaqo, nowayezicasukele nje. UNksz Makabela wayebukeka ebanda nje, futhi enethile, futhi engenasikhathi.

Indoda endala yayikwazi okwakufanele ukuthi ikwenze. “Sawubona, Nksz Makabela!” kusho yena, wase eveza ukumamatheka kwakhe okukhulu kunakho konke futhi okugqame kakhulu. Kodwa uNksz Makabela… yena akazange aze amamatheke.

Ukuma emvuleni izinsuku eziningi kungenzeka ukuthi umuntu abe nobuso obuphatheke kabi, kabi, kabi. Kodwa ukumamatheka kuyinto eyisimangaliso, kanti ngalesi sikhathi ukumamatheka kwase kunamandla amaningi futhi kukhanye kahle ngendlela yokuthi kwase kunzima ukukugcina kuhleli ngaphakathi.

Akuzange kuqale kusebenze nje ngaso leso sikhathi, kodwa kancane kancane, kwaqala ukumamatheka kwaphumela ngaphandle, kwaze kwaba sekugcineni...!

Kwaqhakaza ukumamatheka okukhulu nokubabazekayo ebusweni bukaNksz Makabela! Kwabe sekukhala insimbi yesikole, izingane zagijima zawela umgwaqo. UNkosza Makabela wabe esebeka uphawu, wabe eseyamamathela, emamathekela ingane ngayinye.

Abantwana bamamathekela omama, obaba babo, kanye nogogo nomkhulu babo kuhlanganisa nodade kanye nabafowabo. Bamamatheka lapho bebona umshayeli webhasi kanye nalapho bebona umthengi wegolisa, kanye noMama uMakau naye owabe esehamba eyommathekela umkhwenyana wakhe, yena owabe esemamathekela imeya...

Ukumamatheka kwagxuma kwazigingqa phansi kwakhanya kakhulu kwaze kwaba WONKE umuntu uyamamatheka futhi uyagigitheka futhi uhleka akakhulu emvuleni.

Ngaphakathi kumtapo wolwazi yonke into yayithule ngaphandle komsindo wemvula ngaphandle.

“Hhayi sekuyisikhathi sokuthi sihambe-ke manje,” kusho umama kaSizwe, esho evala incwadi yakhe.

“Hawu kodwa, mama!” kusho uSizwe, owayesephelelwe yizinto zokumamatheka.

Kodwa kwathi lapho bephumela emgwaqeni...

HAWU YINI LE ESIYIBONA NGAMEHLO ETHU!

Wonke umuntu ohlala edolobheni
wayekhona laphayana!

Wonke umuntu!

Kanti BONKE babemamatheka!

Ukumamatheka kwabo kwakulokhu kugxuma kancane nje kwaze kwakhanya nakuSizwe. Ukumamatheka kwabe sekumnika imfudumalo uSizwe, kwase kuyamhlekisa, kwagcwala yonke indawo, kwenyuka kwaya naphezulu kwaze kwafika PHEZULU ekhanda lakhe. Ngaleyo nkathi uSizwe wayesegcwele ukujabula nokuthokoza kangangokuthi ukumamatheka kwagqama kakhulu nakho kwaphumela ngaphandle kukhanya.

Ngaso leso sikhathi kwabe sekushintsha into ethile. Intambama elalimnyama, lingajabule, lina, alibange lisabamnyama ngemuva kwalokho.

Ngabe kwenziwe u...? YEBO! Amafu adeda, kwathi ilanga elifudumele labakhanyisa, kwaqhakaza baba nokumamatheka okukhulu nokuhlakaniphe kunakho konke.